Isikhwama Sosizo Lwamaholo Abasebenzi Bakuma-ECD (i-ECD Employment Stimulus Relief Fund) Sisho ukuthini kuma-SmartStarters?

ISIFINYEZO ESIFISHANE

- Ngonyaka odlule, uhulumeni wamemezela isikhwama sezimo eziphuthumayo sokusiza ukuvikela imisebenzi ngesikhathi sobhubhane lwe-COVID-19. Olunye lwalolu xhaso ngolwabasebenzi abasezinhlelweni ze-ECD. Lesi sikhwama sibizwa ngokuthi i-**ECD Employment Stimulus Relief Fund**.
- Isikhwama sizokhokhela abantu abasebenza ezinhlelweni ze-ECD isibonelelo esikhethekile, kulabo ababhekane nokulahlekelwa ingeniso ngenxa yobhubhane. **Umsebenzi ngamunye uxhaswa ngemali engedlule kuzi-R4,470**. Imali yokugcina ingase ibe ncane okuncika esibalweni sabantu abafake isicelo.
- **Zonke izinhlobo zabasebenzi kuzo zonke izinhlelo zama-ECD,** okubandakanya izinhlelo ezingazinzile esikhungweni njengamaqembu okudlala kanye nabagada izingane, zifanalekile ukuhlomula.
- **Isikhathi esingumnqamula-juqu sokufaka isicelo salolu hlobo lwesibonelelo esitholwa kanye kuphela wuLwesihlanu mhla ka 19 Februwari.**

LESI SIBONELELO SIHLUKILE KUNESIBONELELO I-SMARTSTART RELIEF GRANT.
Lokhu kusho ukuthi ungafaka isicelo sokuzithola ZOMBILI lezi zibonelelo.

UBANI OFANELEKILE?

- 'Ukufaneleka' kusho 'ukuvunyelwa ukuthola isibonelelo'. Umuntu ofaneleka uma esebenza ohlelweni lwe-ECD kunoma esiphi isikhundla - njengochwepheshe, abapheki kanye nabakwezokubhalisa.
- Zonke izinhlelo ze-SmartStart ebezisebenza ngaphambi komhla ka 1 Mashi 2020 zifanelekile.
- Phezu kwalokho, izinhlelo kumele zivuleleke ukuze zifaneleke. Uma uhlelo lwakho lungakavulwa kabusha kuze kube manje, kumele uzibophezele ekuvuleni ezinsukwini ezingama-60.
- Ukufaneleka kukodwa akwanele. Uhulumeni udinga ukuba abafakizicelo babe nezinto ezithile, njenge-akhawunti yasebhange. Ama-SmartStarters amaningi azokuthola kunzima lokhu. **Nokho, i-Franchisor yakho ingakufakela isicelo**. Eminye imininingwane ngalokhu ingemuva kwaleli khasi.

Sesincane isikhathi esisele - qhubeka ufunde ukuze uthole ukuthi ungasifaka kanjani isicelo!

NGUBANI ONGAFAKA ISICELO?

- Uhulumeni uthi isicelo kumele sithunyelwe ngabalandelayo:

1. Umnikazi noma umphathi wesikhungo se-ECD, efakela **bonke** abasebenzi. Inani eliphelele lesabelomali lizoba ngelabasebenzi abangengaphezu kwaba-4 kwisikhungo se-ECD ngasinye, okumele yabelwe bonke abasebenzi. ***NOMA***
2. Umnikazi noma umphathi wohlelo lwama-ECD olungazinzile ezikhungweni, njengamaqembu okudlala noma abantu abagada izingane. Inani eliphelele lesabelomali lizoba ngelomsebenzi oyedwa ngokohlelo ngalunye, ezokwabelwa bonke abasebenzi. ***NOMA***
3. **Isikhungo esiphatha noma esiqapha izinhlelo zama-ECD eziningi - egameni lwanoma oluphi uhlelo olunesivumelwano esibhaliwe ebesikhona ngaphambi komhla ka 1 Mashi 2020. Lokhu kusho ukuthi i-Franchisor yakho ingakufakela isicelo.**

UMA UFUNA UKUFAKELWA ISICELO YI-FRANCHISOR YAKHO

- **Uma ufuna ukufakelwa isicelo i-Franchisor yakho futhi Isivumelwano se-Franchisee sasayinwa ngawo noma ngaphambi komhla ka 1 Mashi 2020 bese:**
  - Ugcwalisa ifomu lokuvuma elikwi-inthanethi - ungalithola lapha: smartstart.org.za/contracts/login
  - I-Franchisor yakho izozama ukukufakela isicelo. Uma iphumelele, izokukhokhela isibonelelo (okungenzeka kube phakathi kuka-Ephreli noMeyi).
  - Kuzodingeka ukuba uveze ubufakazi bokuthi uvule kabusha ezinsukwini ezingama-60.

Ngokusayina leli fomu lokuvuma, uyazibophezela ekuvuleni kabusha ezinsukwini ezingama-60 uthole isibonelelo. **Ifomu kumele ulisayine inqobo uma uzokwazi ukuzibophezela kulokhu.**

UMA UFUNA UKUFAKA ISICELO SOHLELO LWAKHO

- Uhulumeni uthi *yinoma ubani noma isikhungo esifaka isicelo* (hhayi umuntu othola isibonelelo) kumele abe nokulandelayo:

1. I-akhawunti yebhange esegameni le-ECD noma lesikhungo.
2. Ukubhalisa Kusizindalwazi i-Central Supplier Database (uma ungaxhaswanga i-DSD). Vele ugcwalise ifomu ku-secure.csd.gov.za/Account/Register

- Uma unazo lezi zinto futhi **ufuna ukuzifakela isicelo ngokwakho**, iya ku-https://govchat.app, ugcwalise imininingwane yakho bese ulayishe imibhalo eceliwe.

Awukwazi ukuzifakela isicelo ngokwakho *bese uphinde* usifake nge-Franchisor yakho. Lokhu kuwukukhwabanisa futhi kungaholela emacaleni obugebengu. Khetha indlela eyodwa.

Udinga olunye ulwazi? Shayela Umqeqeshi wakho noma uvakashele ku-www.dsd.gov.za